Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale uphendule imibuzo.
2. Funda yonke imibuzo onikwe yona ngaphambi kokuba ukhethe imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha **LINEZIQEPHU EZINTATHU**

   **ISIQEPHU A: Izinkondlo (30)**

   **ISIQEPHU B: Umdlalo (25x2 =50)**

4. Phendula imibuzo **EMIHLANU ISIYONKE: ISIQEPHU A**: Imibuzo **EMITHATHU** izinkondlo ezimiselwe kanye nenkondlo engamiselwe.
5. **ISIQEPHU B: INOVELI**: Phendula **OWODWA** omude kanye nomfushane womdlalo owufundile.
6. ISIQEPHU C: UMDLALO: Phendula **OWODWA OMUDE** noma **OMFISHANE KWINOVELI**

   QAPHELA: Uphendula OMUDE kwinoveli nomfishane kwiDrama.Noma Omude kwidrama nomfishane kwiNoveli.Awubhali imibuzo emide ezincwadini zombili noma emfishane ezincwadini zombili.

7. **UBUDE OBULINDELEKILE UMA KUPHENDULWA IMIBUZO:**
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifishane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi baphendule bagxile kokubuziwe.
   - Umbuzo omude enkondlweni mawuphendulwe ngamagama angama-90 kuye kwayi-140.
   - Impendulo yombuzo omude enovelini mayibe ngamagama angama-240 kuya kwangama – 290.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzisele ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Bhala ngobunono nangesandla esibonkalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

| | | | |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: IZINKONDLO**<br><br>**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.** | | | |
| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
| **1.NGIPHE ISINEKE** | Umbuzo omude | 10 | 4 |
| **2. AMALUNGELO** | Umbuzo omfushane | 10 | 5 |
| **3. NGIKHANYISELE DLOZI** | Umbuzo omfushane | 10 | 6 |
| **4. SESIYACIMA ISIBANI** | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| **KANYE**<br><br>**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lombuzo.** | | | |
| **5. MUSANI** | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |
| **QAPHELA:** Phendula umbuzo **OWODWA OMUDE kwinoveli nomfishane kwiDrama.**Uma uphendula **OMUDE kwidrama** uyaphoqeleka ukuphendula **OMFISHANE kwinoveli**.<br><br>**ISIQEPHU B: INOVELI : INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU** | | | |
| **6.INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU** | Umbuzo omude | 25 | 9 |
| **7.INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU** | Umbuzo omfushane | 25 | 9 |

**ISIQEPHU C UMDLALO: BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

| | | | |
|---|---|---|---|
| **8. BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE** | Umbuzo omude | 25 | 11 |
| **9. BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE** | Umbuzo omfushane | 25 | 12 |

Downloaded from Stanmorephysics.com



## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo emibili kulena ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1: (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**NGIPHE ISINEKE- PB MAPHUMULO**

Ngiph' isineke Mqalisi noMphelelisi,
Sokubekezelela lo mqans' engisawuqophayo,
Sokuwuqwala ngiwuqombole ngize ngiyosithela.
Ngiph' isineke nothando nobuhlakani;
Bokubhekana nalolu hamb' esengizihlelele lona.

Nxa sewunginikezile lesi sineke
Ngiphikelelise phambili!
Laph' ukukhanya kwakhona kungapheli
Laph' impumelel' ingukukhanya, ngalesi sinek' engisicelayo
Nakub' izimvula zinginetha, ngikhoselise;
Nakub' ufasimba lungisitha, ngiqanul' amaqaphelo.

Ngithuntubezele lezi zincij' engizibonayo
Hleze zingihlabe;
Ngiphelelwe nayilesi sinek' esincan' engisenaso.
Hleze ngishay' ungqimphothwe, kubenzima nokusimama;
Ngihlabe ngedolo phansi Menzi wezinto
Ngithi ngicel' isineke nokubekezela!

Ontanga yami bangishiyile
Owabanika lesi sinek' engisicelayo
Nginike lesi sineke ngicothoze ngicondoze
Ngilisubathe ngigcine sengilifezile leli banga,
Engani nenja yaze yawaqed'amacubanengolimi?

Ngisanxusa namanje ngithi ngiph' isineke Baba
Ze ngifingq' igxathu ngivale negeb' eliphambi kwami,
Ze ngifinyelel' esiqongweni ngibafice naphambili,
Ze kuchayisek' izimfamon' ezingazi nginjengesahluleki,
Nakanjan' imithandazo namaphuph' am' ayoba ngamaqiniso.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Kubalulekile ukuthi sicele isineke kuMdali uma sizizwa siphelelwa amandla okufeza amaphupho ethu. Fakazela lesi sitatimende ubhekise ekukhethweni kwamagama asetshenziswe yimbongi.
Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-90 kuya kwayi-140.

(10)

**UMBUZO 2: (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**AMALUNGELO- S MAPHUMULO**

Sawalwela la 'malungelo',
Sawathol' ekugcineni,
Nginelungelo nawe unelakho,
Ngivikelw' umthetho nawe futhi.




Liqalaph' ilungelo lomuntu,
Ligcinaphi leli lungelo?
Ngibasathe ngiyakhulum' ekhaya
Ngitshelwe ngamalungelo.

Ayaxabana yini nesikompilo la 'malungelo'?
Amadod' asaphenduk' izithombe,
Omame sekwab' umhlambi kazelusile,
Abantwan' ezikoleni sekwaba luvanzi,
Isithunzi sikathisha, dwe!!

Sibhekephi namalungelo?
Ngakube siyaphambili?
Ngibon' ubumnyama,
Ukukhala nokugedla kwamazinyo,
Kwabajahe phambili.

Ngibambelele kokwami,
Ngibambelele kwengakhuliswa
Nganikwa khona zinyanya zakithi,
Ezanginika ilungelo lenhlonipho,
Nokwazis' isiko lokuhlonipha
Uyihlo nonyoko
Ngimi kulelo dwala.

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.1 Tomula imvumelwano ebinzeni lokuqala bese usho uhlobo lwayo. (2)

2.2 Chaza isizathu sembongi sokusebenzisa i-enjambamenti emgqeni wesi-7 kuya kowesi-8 (2)

2.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana ebinzeni lokugcina. (2)

2.4 Chaza kabanzi indikimba yale nkondlo. (2)

2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekusebenziseni isifengqo emgqeni wama- 24. (2)

**(10)**

**UMBUZO 3: (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGIKHANYISELE DLOZI –Z MKHIZE**

Ngijiyelwe yingqondo kangisazi,
Ngizothathani ngihlanganise nani,
Konke sekuvele kwamapeketwane,
Ngiyathatha ngiyabek'akulungi,
Yinqaba kayitshelwana le
Kwenzenjani thongo,khanyisa?

**Zi**mnyam'i**zi**ndlela **z**imfiliba,
Akukhanyi lutho phambili,
Baphum'ezintatha bayoshona,
Ngakh'umkhanya ngibabuka,
Kwenzenjani thongo,khanyisa?

Bangamanono,ngilinuku,
Banconywa betuswa ngobunono,
Ngigxijwa ngifenyiswa ngobunuku,
Nginjengesaliwakaz'emzini,
Banconywa benjengezintandokazi,
Kwenzenjani thongo,khanyisa ?

Umunw'ukhombe kubo,
Emin'ikhombe kimi,

Downloaded from Stanmorephysics.com


20 Ngiyabagxeka ngizigxeke,
21 Bangamanono ngilinuku,
22 Bayajabula,ngiyakhala,
23 Basekukhanyeni,ngisemnyameni,
24 Kwenzenjani thongo,khanyisa!

3.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1 uyigagule (2)

3.2 Ngabe iqondeni imbongi ngefanamsindo elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-7 (2)

3.3 Tomula isimo sokukhuluma esitholakala emgqeni we-15 usigagule (2)

3.4 Ukusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo kugqamisani ngomoya wenkondlo? (2)

3.5 Phawula ngokusetshenziswa kwesuzura kule nkondlo usho ukuthi imbongi ibihloseni ngayo? (2)

**(10)**

**UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**SESIYACIMA ISIBANI- PB MAPHUMULO**

1 Ngikhal' ezimathonsi bandla lakwethu,
2 Mhlambe kuyisishayo sami ngedwa,
3 Isibani sam' ebesivutha sesiyafiyoza,
4 Ingathith'isimfishan' impilo yam' emhlabeni.

5 Ithemba kimi seliyamfimfa,
6 Ngoba ngeke ngisasithol' esiyofana naso
7 Impela sengathi kumnyama lapho ngiya khona,
8 Um' ukukhanya kwaso sekufiphala.

9 Nganginethemba lokuth' iseyind' engisazoyihamba naso,

Downloaded from Stanmorephysics.com


Nginethemba nangekusas' eliqhakazile nelinempumelelo,
Kwafik' izivunguvungu neziphepho zasilanguza;
Sengibhekise KuWe ngob' iqhinga selingiphelele.

Um' ucisha wena sibani sami,
Ulokoza themba lami lokuphila,
Ayisekho nam' int' eyongihlalis' emhlabeni
Ngoba ngikhona nje kungenxa yamaketang' othando lwakho.

Usubunile njengembali wawohloka njengombethe,
Ilangab' ebelikuw' ebelivuth' ubulangulangu,
Selize lehluleka wukuzabalaza wazenzel' umphukane,
Wo Hhe! Sengihlwelwe kusemini kwelaseMombeni.

Ngangingaz' ukuthi ngiyoze ngisal' obala,
Kuyangimangaza kodw' okwenzeka phambi kwami,
Sesiyacima kimi lesi sibani, siyavutha kwabanye,
Nokho mangethembel' eNkosini izongisiza.

Mhlawumb' isisekelo sothando lwaso,
Kwasekuqalen' alufananga nezingxab' ezijulile,
Mhlamb' ukukhanya kwaso,
Akudalelwang' ukukhanyisela mina ngedwa.

Kungcono khona ngicel' emadlozini,
Mhlawumb' ayengangiqokelang' isibani sekhethelo.
Kuphelile manj ' ukuzigqaja nokuklolodel' izimfamona,
Singidumazile phela lesi sibani ngaphenduk' isiphoxo.

Nganginethemba lokuthi siyovutha njalo,
Singathikanyezwa ngisho nayizishingishane zomoya,
Isixako kwaba wukuphetha ngokufiyoz' inhlansi njengesiphefu;
Kant' ukukhanya kwaso kugqamile kweziny' ezindawo.

Akusenani nokho ngihlanze ngedela,
Ukuwa kweny' indlu wukuvuka kwenye.
Kanjal' ukucima kwalesi sibani makungangilahlis' ithemba,
Mhlawumbe ngisayosithol' esiyongikhanyisela kuze kube sekufeni.

4.1 Tomula i-enjambamenti ebinzeni lesi-2. (2)

4.2 Chaza umqondo womugqa wama-25 kuya kowama-32 ngamaphuzu amathathu. (2)

4.3 Shono inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura ebinzeni lesi-5. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.4 Kungani imbongi isebenzise ukuxhumana ebinzeni lesi-3. (2)

4.5 Hlolisisa ukusetshenzisa kwamagama adwetshelwe kule nkondlo. (2)

**(10)**

**KANYE**

**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**MUSANI! – KNN GCUMISA**




1. Musani ukukhala,
2. Musani ukubibitheka,
3. Musani ukulila,
4. Nimlilelani u….ma?
5. Kanazi yini ukuthi uyephi na?
6. Kanazi yini ukuthi ubizwelephi na?
7. Kanazi yini ukuth' ungokabani na?
8. Kaniqondi yini ukuth' akuwenu na?
9. Pho, nihlushwa yin' um' esey' ekhaya?
10. Pho anithokozi ngani um' esey' ekhaya?
11. Thulani nithokoze lokh' usebiziwe,
12. Thulisan' abathuthuelayo ngosebiziwe.
13. Vuman' ukuthi ubizwe nguyena.
14. Vulan' izinhliziyo zenu kuyena

5.1 Shono uhlobo lwale nkondlo, bese usekela impendulo yakho. (2)

5.2 Chaza kafushane okushiwo yile nkondlo. (2)

5.3 Kungani imbongi isebenzise imigqa evalekile kuyo yonke le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa imvumelwano emgqeni we-13 kuya kowe-14. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.5 Phawula ngesigqi sale nkondlo. (2)

**(10)**

**ISIQEPHU B: INOVELI : INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU**

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE**

Umbhali uyaye asebenzise ikhono elihle lokubumba indaba yakhe ukuze ilandeleke kahle.Kusukela esingenisweni,umzimba kanye nesiphetho.Phawula ngalesi sitatimende ubhekise kwisakhiwo sale noveli ethi “Inkinsela YaseMgungundlovu”

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-240 kuya kwangama-290.Ulindeleke ukuzibhala izihlokwana zesakhiwo.

**(25)**




**KANYE**

**UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE**

**INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

> “Umnumzane Ndebenkulu ngumuntu omkhulu kakhulu”,kuqhuba uMkhwanazi. “Impela nami angazi nje ukuthi sigezephi muzi wakithi eNyanyadu ukuba sihanjelwe ngumuntu omkhulu kangaka.Uzozichaza yena-ke uma esesukuma ngoba mina ngibuye ngidideke.“Ngaphambi kokuba ngihlale phansi ngimdedele akhulume,ngiyathanda ukuba kengibe namazwana mayelana nenhloso yakhe.
>
> Njengoba efikele laphaya kwami ngoMgqibelo,sesike sathi ukuxoxaxoxa,wathi ukungivezela mayelana nomsebenzi wakhe.Ungumnumzane onomqondo okhaliphiule kakhulu njengoba nani nizozizwela.Injongo kaMnumzane Ndebenkulu wukusiza abantu bakubo.Yinto-ke leyo bantu bakithi etusekayo.<u>Ngumnumzane ngempela lona,akusiye nje umfokazana.Unezindawo zakhe futhi unezimoto zakhe ezimbili.</u>
>
> <u>Uthandile-ke ukuba azosicobelela leli khubalo lakhe eselimenze waphumelela emhlabeni”.</u> Wahleka uMkhwanazi,nabantu bahlekela phansi.Abanye kodwa bathula nje sengathi bayanengwa yilokhu kuthemeleza kukaMkhwanazi kanti bona bazolalela lo muntu wokuhamba.Lapho-ke wawaphenya washeshisa amaphepha akhe uNdebenkulu,isikhwehlela wasithinta esithintile.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Izibuko zakhe zikanokusho ziyilokhu zithe ngxi emehlweni.Esinye isandla sasingawuyekile lowo msebenzi omkhulu wokuphotha amadevu.Izinyo selithe ne.Amehlo akhe abuye athi ukuwaphakamisa awaphonse lapho kuhlezi khona le nsizwa elihwanqa."Futhi-ke,engibona ukuthi kuyojabulisa abaningi lapha endlini,**uMnumzane Ndebenkulu lona uzalwa nguMshumayeli."**

Kuthe lapho abanye bethi bashaya izandla babona abanye bengazishayi,base beyeka. "Ngakho ke muzi wakwethu waseNyanyadu mangingabe ngisanibambezela,kodwangaphambi kokuba ngicele uMnumzane lona ukuba aphakame,ngizocela ukuba angivumele kenginifundele incwadi lena ake angibonisa yona etusa usizolwkahe.Impela umnumzane angangithukutheleli ngoba ngibona sengathi ingawundlalela kahle umsebenzi wethu.

Kwabonakala ukuthi uNdebenkulu uyakujabulela ukuba le ncwadi ifundwe.Wayihosha wayinikeza uMkhwanazi ukuba afundele umphakathi.Kwathula kwathi cwaka endlini abantu belalele.Kwabonakala ebusweni ukuthi bayizwe

**ISAHLUKO 13: 122-123**

7.1 Shono umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana senoveli (2)

7.2 Chaza umqondo oqukethwe amagama adwetshelwe emgqeni we-9. (2)

7.3 Chaza kafushane imbangela eyenza umlingiswa onguThemba ingqondo yakhe imtshele ukuthi uNdebenkulu lo akaqondile ngesikhathi emhlangabezile esiteshini? (3)

7.4 Nikeza okungumehluko mayelana nezenzo zomlingiswa onguMkhwanazi kanye nezenzo zikaNdebenkulu mayelana nokuthembeka. (4)

7.5 Kungani umlobi elokhu egcizelela uNdebenkulu ephotha amadevu kanye nezinyo lakhe? (2)

7.6 Ngabe umlingiswa onguMkhwanazi uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana? (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.7 Ucabanga ukuthi kakufanele yini umlingiswa onguNdebenkulu asize umphakathi waseNyanyadu? (3)

7.8 Iyini inhloso yombhali yombhali ngokusibhalela le ncwadi?Sekela (2)

7.9 Ngabe amagama abhalwe ngokugqamile amveza njengomlingiswa ozalelwe emndenini onjani uNdebenkulu? (2)

7.10 Xoxa kafushane ngomyalezo otholakala kule noveli (2)

**(25)**

**UMBUZO 8: UMDLALO : OMUDE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

Umlobi uyaye asebenzise izinxushunxushu nokudonsisana,nokuhelezisana okwenza indaba ikhule ifinyelele esicongweni.Fakazela lesi sitatimende ubhekise kudweshu olutholakala kule drama ethi "Bahlukumezekile Behlakaniphelana Nje". Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi, ibe namagama angama-240 kuya kwangama-290 **(25)**

**KANYE**

**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIGCAWU SESIHLANU**
*(Kungene uQeda ekamelweni likaZodwa)*
Zodwa : Sewugcine utholile?
Qeda : Ziyasiza lezi zingcingo ezibizwa ngomakhalekhukhwini.Bengingeke ngithole lapha.
Zodwa: Hhawu,edolobheni olaziyo!
Qeda : Kuhlwile phela manje.
Zodwa : Mina ngiyazi noma kumnyama iBloemfontein
Qeda : Wena phela.
Zodwa : Abafana bayazi kangcono

Downloaded from Stanmorephysics.com


Qeda : Ubani owathi abafana basahlakaniphile nanamuhla?Nguwe uZodwa njengoba ushilo ocingweni?
Zodwa : Yebo.Uphi uNingi manje?
Qeda : **Cha, nkosazane,uNingi mdala,akumele akhethelwe nguwe ukuthi ulala kuphi,uvakashela kuphi.**
Zodwa : **Wakhuluma sengathiu uganise ingane yakithi nje wena mfokazi?Unazo izinkomo?**
Qeda : Zikhona.Ngiyasebenza nje futhi.
Zodwa : Akukhona ukuba nezinkomo ukusebenza ukusebenza.
Qeda : Yikho.
Zodwa : Akukhona
Qeda : Yikho
Zodwa : Asingadlali phela.Ngidinga ukwazi ukuthi umntwana wakwethu uphi?
Qeda : Usendlini yami.
Zodwa : Unendlu wena?
Qeda : Yebo.Kodwa yikamelo lapho ngisebenza khona.
Zodwa : Yikhona ukhuluma-ke.Uphi pho udadewethu?
Qeda : Ulapho ekamelweni lami.
Zodwa :Wenzani khona?
Qeda : Unemibuzo eminingi.Ngicela umshayele ucingo.Uzokuphendula.
Zodwa : Ngibuza wena.Uthe uwena omvalele laphaya.
Qeda : Angimvalelanga sivumelene.
Zodwa : Nivumele ukuthi umvalele?
Qeda : Hhayi bo,Sisi Zodwa….
Zodwa : Ngiyadlala.Kodwa empeleni uyeshelelani ingane yakithi ize iyolala ekamelweni lakho nje?Uyazi unamagangangozi.

**ISIGCAWU 5 (IKHASI 34-35)**

Stanmorephysics.com

9.1 Chaza isizinda esitholakala kulesi siqeshana (2)

9.2 Nikeza okungumehluko Phakathi kwethoni kaQeda noZodwa enkulumeni yabo edwetshelwe (4)

9.3 Phawula ngodweshu oluvezwe kulesi siqeshana (3)

9.4 Liyini iqhaza likaQeda kulo mdlalo? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.5 Yini eyenza uVelevele angajabuli uma u-Ezile ethi usethole umsebenzi ebhange? (2)

9.6 Qhathanisa umlingiswa onguDesmond no-Ezile mayelana nezenzo zobuntu abanazo (4)

9.7 Ngabe uZodwa uvezwe njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana? (3)

9.8 Fingqa ngamaphuzu amabili izinto ezizokwenziwa u-Ezile uma eseholile (2)

9.9 Ngabe isenzo sikaVelevele noMakhosini sokuphindela ebugebengwini emva kokuphuma ejele samukelekile yini? Sekela impendula yakho. (3)

**(25)**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: (30)**
**AMAMAKI ESIQEPHU B: (50)**
**AMAMAKI ESIQEPHU C: (50)**
**AMAMAKI ESEWONKE: [80]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## IMIYALELO YOKUMAKA LELI IPHEPHA

1. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.
2. Maka umbuzo omude nomfushane kusiqephu B wencwadi umfundi ayibhalile/ayenzayo.
3. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela wokumaka.

   Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.
4. Umbuzo omude

   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo Sebenzisa irubhriki eyisingezelelo A no B ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.
5. Imibuzo emifushane

   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, ungamphuci amamaki.
6. Imibuzo evulekile, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.
7. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A**

**UMBUZO 1**

**NGIPHE ISINEKE**

Ngiyavumelana nokuthi siyiqiniso lesi sitatimende esithi kubalulekile ukuba sicele isineke kuMdali uma sizizwa siphelelwa amandla okufezekisa amaphupho ethu. Imbongi ikhethe amagama ahlukene ukufakazela lesi sitatimende.

Emgqeni woku-1 imbongi ikhethe amagama athi '**Ngiphe isineke Mqalisi noMphelisi'** ukugqamisa ukubaluleka kokucela isineke kuMdali. Imbongi iphinde yakhetha amagama athi '**Sokubekezela lo mqansa'** ukucela amandla kuMdali okumelana nobunzima ebhekene nabo. Emgqeni wesi-3 imbongi ithi '**Sokuwuqwala ngiwuqombole** okuwucela amandla kuMdali okumelana nobunzima ize iphumelele.

Ebinzeni lesi-2 imbongi ithi '**Ngiphikelele phambili'** ukukhombisa ukufisa kwayo ukungaphelwa amandla ize iphumelele. Imbongi ikhethe amagama athi **'Nakuba izimvula zinginetha**' ukugqamisa ubunzima/izinkinga ebhekana nabo kulolu hambo lwayo lokuya empumelelweni. **Ngiqanul' amehlo'** lapha imbongi icela kuMdali ukuba ayenze iqaphele ngeso lokhozi ngesikhathi ikulolu hambo lwayo.

Ebinzeni lesi-3 imbongi ithi **'Ngithuntubeze lesi zincij engizibona'** ukucela amandla kuMdali okuthi iqede amandla izinkinga ezingaba isiphazamiso endleleni yayo yokufezekisa iphupho layo. **Ontanga yami bangishiyile'** imbongi iyabalisa kuMdali ukuthi elingana nabo sebephambili kunayo njengoba icela amandla okufezekisa amaphupho ayo. Ebinzeni lesi-5 imbongi ikhethe isisho '**Ngimis' idolo**' okufakazelela lesi sitatimende esingehla ukuthi uMdali akayiphe isibindi ingabi nokwesaba ekufezekiseni amaphupho ayo.

Angikaze ngimbone **uSineke'** imbongi ikhethe umfanekisoqondo oyisenzasamuntu ukugqamisa kwayo ukubekezela ngenkathi izama ukufeza amaphupho ayo. Ebinzeni lokugcina imbongi ithi '**ngisanxusa'** ukugqamisa ukuthi isacela kuMdali ukuba ifezekise amaphupho ayo.

Imbongi iphumelele kahle ukukhetha amagama afakazela isitatimende esithi kubalulekile ukuthi sicele isineke kuMdali uma sizizwa siphelelwa amandla okufezekisa amaphupho ethu ngoba wuye onamandla okulawula yonke into **(140)**

*(Namanye amagama anembayo azokhethwa abafundi afakazela isitatimende amukelekile.)*

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2**

**AMALUNGELO**

2.1 Sawalwela la 'malungelo',
Sawathol' ekugcineni,
- Imvumelwano siqalo

Nginelungelo nawe unelakho,
Ngivikelw' umthetho nawe futhi.
- Imvumelwano siqalo (2)

2.2 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukuchaza ukuthi umqondo oqale emgqeni wesi-7 uphelela emgqeni wesi-8 kanye nokuchaza ukuthi ekhaya ayisakhoni ukukhuluma nomkayo nezingane ngoba bayisabisa ngelungelo. (2)

2.3 Imbongi isebenzise ukuxhumana sigcino ukugcizelela ukuthi yona isabambelele kusikompilo eyakhuliswa ngalo lokuhlonipha abantu abadala. (2)

2.4 indikimba yale nkondlo amalungelo. Kule nkondlo imbongi iveza ukudideka okukhona ngendlela abantu besifazane nezingane abasebenzisa ngayo amalungelo. Inokudideka okwenza ingazi ukuthi lisebenza kanjani. Ithi nasekhaya ayisakhoni ukukhuluma nonkosikazi nezingane ngoba bayisabisa ngelungelo. (2)

2.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa isifengqo esiyi-okzimoroni ukuchaza ukuthi yona ayikaguquki kulokhu eyafundiswa khona kubo ukuthi kumele ihloniphe abantu abadala. (2)

**(10)**

**UMBUZO 3**

**NGIKHANYISELE DLOZI**

3.1 Ngijiyelwe yingqondo kangisazi
Ngizothathani ngihlanganise nani
Imvumelwano siqalo

(2)

3.2 Imbongi isebenzise ifanamsindongwaqa u-'zi',ngenhloso yokugqamisa ukuthi izinto zayo aziyihambeli kahle.

(2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.3 Nginjengesaliwakazi emzini.Isifaniso (2)

3.4 Impindwa,'kwenzenjani thongo,khanyisa.Imbongi igqamisa umoya wokukhathazeka/wosizi/wokubalisa njengoba ibalisa ngezinto zayo ezingayilungeli zimnyama (2)

3.5 Isuzura umugqa onophawu lokuloba Phakathi nendawo.Imbongi isebenzise isuzura emgqeni we-6,nowe-11,nowe-17,22,23,24.Imbongi ihlose ukugqamisa ukuthi izinto zayo azilungi kodwa ezbanye ziyakhanya,inxusa idlzi ukuthi liyikhanyisele. (2)

Stanmorephysics.com

**(10)**

**UMBUZO 4**

**SESIYACIMA ISIBANI**

4.1 Ngoba ngeke ngisasithol' esiyofana naso
Impela sengathi kumnyama lapho ngiya khona, (1)

4.2 -Imbongi ithi mhlambe uthando lwabo lwalungaqinile kwasekuqaleni
- Mhlawumbe isithandwa sayo sasingadalelwanga ukuthanda yona yodwa.
-Imbongi ibona kufanele icele emadlozini ayo ukuthi ayiphe isithandwa ngoba lesi enaso ezitshela ukuthi sibalulekile mhlambe sasingadalelwanga yona.
-Imbongi ithi ayisakwazi nokuqosha ngesithandwa sayo kubantu abanomona ngoba isithandwa sayo siyiphoxile
*(Okuthathu kulokhu okubaluliwe)*
(3)

Stanmorephysics.com

4.3 Imbongi isebenzise isizura/isikhawu ukuphumula kancane nokukhombisa ukukhathazeka ukuthi isisele yodwa isithandwa sayo sesiyishiyile endaweni yaseMombeni. (2)

4.4 imbongi isebenzise ukuxhumana siqalo ukugcizelela ukuthi yayinethemba lokuthi basazothandana isikhathi eside nesithandwa sayo, nokuthi yayinethemba ukuthi bazoba nekusasa eliqhakazile Kanye nempumelelo ndawonye. (2)

4.5 Ukusetshenziswa kwala magama kukhombisa ukuthi imbongi ithemba ililahla kalula. Isilahle ithemba lokuthi isithandwa sayo sisazobuya. Kanye nokuchaza ukuthi ngokulahlekelwa kwayo isithandwa sayo omunye umuntu othole isithandwa sayo uzuzile. (2)

**(10)**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5**

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Uhlobo lwale nkondlo yisonethi. Ngoba inemigqa eyishumi nane. | (2) |
| 5.2 | Imbongi ithulisa abantu abakalayo ithi mabathule bengakali ngosedlulile emhlabe. Ithi kungani bekhala aabazi yini ukuthi sekufike isikhathi sakhe sokufa. Usebizwe umdali wakhe. Ithi abazi yini ukuthi useyekhaya ezulwini. | (2) |
| 5.3 | Imbongi isebenzise imigqa evalekile ngenxa yokuthi le nkondlo ikhuluma ngokufa. Imbongi iyaduduza abantu abalahlekelwe umama wabo. | (2) |
| 5.4 | imbongi isebenzise imvumelwano siqalo ukuletha umgqumo omnandi osamculo nokuchaza ukuthi kumele bamukele ukuthi umama usedlulile emhlabeni bamdedele ahambe bayeke ukuba nezinhliziyo ezibuhlungu. | (2) |
| 5.5 | isigqi sale nkondlo siyanensa ngenxa yomoya wokududuza kanye nomoya wokubalisa. Imbongi iduduza abalahlekelwe unina ukuthi bengakhali bamukele isimo. | (2) |
| | | **(10)** |
| | **AMAMAKI ESIQEPHU A:** | **30** |

**ISIQEPHU B: INOVELI**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**

**INKINSELA YASEMGUNGUNDLOVU**

Ngiyavumelana nalesi sitatimende ngoba isakhiwo siwukubumbeka kwendaba kusuka esingenisweni,umzimba ize iyofika esiphethweni.

**ISINGENISO**

Lapha sethulelwa umlingiswa omkhulu okunguMkhwanazi ethola incwadi eyayivela kumuntu waseMgungundlovu ayengakaze ambone.Isisusa sodweshu kwaba ukufika kukaNdebenkulu oyisicwicwicwi kanti kwaMkhwanazi badla imbuia ngothi.Indawo eyasemakhaya,kufuyiwe,kuhanjwa ngamakalishi.

**UMZIMBA**

-uThemba uvukela esiteshini eThisayidi nekalishi ukuyohlangabeza umlisa,uNdebenkulu ubiza ikalisishi ngebhokisi okwenza uThemba agcine esenengwa.

-UNdebenkulu ukhalela ipotimende lakhe elizoboshelwa ekalishini lemali enkulu

-UThemba uthukutheliswa uNdebenkulu endleleni ogxeka yonke into yaseNyanyadu.

Downloaded from Stanmorephysics.com


-UNdebenkulu uthukuthelela uThemba ngokuwa kwakhe ekalishini kanti uziwele.

-UMaNtuli uzama ukuxolisa kuNdebenkulu ngokuwa kwakhe kodwa uxolo akalwemukeli,umbiza ngomuntu onengqondo engathathi kahle.

-UNdebenkulu ukhonona ngokungasigcini isikhathi emhlangaweni ubabiza ngabantu basemaphandleni,ikhehla libuze ensizweni ukuthi uthini.

-UCele ubuza uMkhwanazi ukuthi kungani inkosi ingaziswanga ngalo mhlangano,kwenanele noShozi

-Insizwa enehwanqa ilokhu iphazamisa umhlngano ngenkathi uNdebenkuluu echaza ngenhloso yokuhambela kulo mhlangano

-Inkosi Ibiza imbizo khona uMpungose ezombukisisa kahle uNdebenkulu bese embopha uma eyisigelekeqe.

**ISU LOKUJEQEZA EMUVA**

-UNdebenkulu ubakhombisa isheke lemali eluluhlaza eliyisamb esesabekayo,amakhulu ayisishiyagalolunye amarandi namarandi ayishumi ngezinkomo ezilishumi.

-Incwadi ayifundela umhlangano uNdebenkulu eyayimbonga ngomsebenzi awenzile.

**ISU LOKUBIKEZELA**

-UMnzumzane Shozi utshela uMkhwanazi ukuthi izwe libi lifuna umuntu ohlala ewavulile amehlo ngoba seziningi izimpisi lapha phandle ezihamba zembethe isikhumba semvu.

-Intsha yonke yayingamthembi uNdebenkulu kangangoba babephikisana nokuthi kuhanjiswe izinkomo,lokho sikubona ekuveza uThemba ngaphandle kokunanaza.

-UDiliza naye wayengayingeni indaba kaNdebenkulu.

**UVUTHONDABA**

-Ukuvela nje ukuthi uNdebenkulu lo abantu baseNyanyadu abamthathela phezulu inkunzi yesigebengu.

-Kuyavela ukuthi uNdebenkulu waqola umfelokazi wathatha zonke izinkomo zakhe thi uyomdayisela.

-Kuvela ukuthi uNdebenkulu ungu-EE Mlomo njengokusho kwkahe kumfelokazi.

-UNdebenkulu uyabaleka ngoba esebona ukuthi amaqhinga aphelile,kodwa uThemba noDiliz bamjaha ngamahhashi baze bambamba.

**ISIPHETHO**

Le noveli iphethe ngengwijikhwebu ngoba besilindele ukuthi izinkomo zizohamba noNdebenkulu,kodwa wagcina gokubanjwa esiteshini,oThemba bauya nazo.

**(25)**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE

## INKINSELA YASEMGUNGUDLOVU

7.1 Umoya otholakala kulesi siqeshana umoya wokuncoma noma wokutusa ukuhanjelwa umuntu oyisikhulu futhi ohloniphekile emphakathini wangakubo. (2)

7.2 Umqondo oqukethwe amagama adwetshelwe emgqeni we-09 owokuncoma ubukhulu nokuhlonipheka kukaMnumzane uNdebenkulu lokhu ukhomisa ukuba nomnotho omningi kunabanye abamnumzane abakhona endaweni yaseNyanyadu. (2)

7.3 Imbangela eyenza uThemba ingqondo yakhe imtshele ukuthi akaqondile uNdebenkulu indlela akhuluma ngayongesikhathi bemhlangabezile esiteshini kwadala ukuba angabe esamethemba kukho konke akukhulumayo. (3)

7.4 Umehluko okhona Phakathi komlingiswa onguMkhwanazi ukuthi uthembekile njengomnumzane waseNyanyadu kanti uNdebenkulu wafika wazenza umuntu onosizo kanti uzoqola abantu imfuyo ayethembise ukuthi uzobadayisela. (4)

7.5 Umlobi ugcizelela uNdebenkulu njalo uma ekhuluma uphotha amadevu kanye nezinyo lakhe elilengela phezu kodebe,ufuna ukugqamisa ukuthi la madevu nezinyo akusikho okwangempela okokufakelwa (2)

7.6 UMkhwanazi uvezwe njengomuntu othobekile,omazisayo omunye umuntu/ohloniphayo/okwaziyo ukunik omunye umuntu indawo yakhe.Njengoba simubona echaza kabanzi ngoNdebenkulu,emgqamisa nokuthi ungumuntu hlakaniphile nohloniphekile enxusa abantu ukuthi bamlalele. (3)

7.7 Kwakungafanele ukuthi uma eseyodayisa imfuyo ahambe yedwa,kwakumele ahambe nabanikazi bayo imfuyo ukuze babe nolwazi ngendawo okudayiselwa kuyo.

(Izimpendulo zabafundi ziyokwehluka)

Downloaded from Stanmorephysics.com


(2)

7.8 Inhloso yombhali ngokusibhalela le ncwadi ukusixwayisa ngobugebengu obuhlelwe umuntu ongamazi ucabange ukuthi uza nosizo kanti uzoqola.

Nezinye izimpendulo ezinembayo zamukelelile. (3)

7.9 Amagama abhalwe ngokugqamile ,'Umnumzane Ndebenkulu lona uzalwa nguMshumayeli',amveza njengomlingiswa ozalelwe emndenini okholwayo uyise wayengumshumayeli,siphinde sithole ukuthi wamukela ukuthi kuqalwe ngomthandazo.

Izimpendululo ziyohluka

(2)

7.10 Umyalezo otholakala kule noveli uthi,ungathembi wonke umuntu.Abanye abantu beza kuwe sengathi bakuletheke usizo kanti bayizimpisi ezembethe isikhumba semvu bazokushiya ukhala/Akukho qili lazikhotha emhlane/Ayikho impunga yehlathi.

Nezinye izimpendulo ezinembayo zamukelekile. (3)

**[25]**

**UMBUZO 8: UMDLALO: UMBUZO OMUDE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

Umlobi uyaye asebenzise iizinxushunxushu nokudonsiana ukukhuphula indaba ize ifike esicongweni.Ngiyavumelana nalesi sitatimende.Umlobi kulo mdlo usebenzise udweshu lwangaphakathi nolwangaphandle.Udweshu lwangaphakathi lusuke lukumlingiswa eyedwa epheka ethulula ngenkinga asuke ebhekene nayo.Olwangaphandle luphakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezulu benokuhelezisana.

**OLWANGAPHAKATHI**

Siluthola kuVelevele:

-Ukhuluma yedwa ezibuza kungani uZodwa noNingi bengafiki ngenkathi ebalinde esitolo se-inthanethi ukuze ezobaholela.

-Uvelevele uzibuza ukuthikonje ubecabangani ngenkathi kushaya u-Ezile agcine esekhumbula ukuthi ubecabang ngoMakhosini namantombazane.

-Uyazibuza ukuthi kungabe kukhona okubehlele yini oMakhosini,noNingi noZodwa njengoba bengabuyi

-UQeda uzikhalel ngokungena kwabo enkingeni ngenxa yemaliyelotto kaDesmond

Downloaded from Stanmorephysics.com


-UVelevele uzibuza eziphendula ukuthi uzoyithini indaba ka-Ezile nenombolo ye-akhawunti yasebhange kwazise uzazi kahle yena ukuthi akanamli kwi-akhawunti yakhe.

**OLWANGAPHANDLE**

-UVelevele noQeda ngenkathi ezama ukusenga ulwazi ngoDesmond kuye engaphumeli obala uQeda

-UVelevele noMyeza ethi uVelevele ukhuluma into angayazi uMyeza uMengameli unayo yonke imali uyena oziunqumelayo ukuthi ufuna ukuhola malini.

-UMakhosini noDesmond ebuza isikhwama sikaNingi emthembisa ngisho ukumnshaya ngempama,kuzwakale ubugungqugungqu.

-UVelevele no-Ezile ngenkathi u-Ezile ebuza ukuthi kungani kwehle ukuthakasa uma esezwa iphimbo lakhe ekubeni elubambe ngesasasa ucingo.

-U-Ezile noVelevele bebanga impendulo kaVelevele emanqikanqika uma embuza ngoMakhosini.

-UVelevele no-Ezile,embuza ukuthi kungani embiza ngoMkahosini futhi imaphi la mantombazane akhuluma ngawo.

-UQeda,uMyea noVelevele bebanga ukuthi uQeda noMyeza bamngena emlonyeni esakhuluma uVelevele.

-UMyeza noVelevele,bebanga ukuthi umhahabuza kabuhlungu ethi akathule ngenkathi uMyeza ebuza ukuthi usaphila yini uyise uDesmond.

-UDesmond noVelevele ngenkathi uVelevele ehehebeza uDesmond efuna ukwazi ukuthi yini abayifunayo ngempela benoMkhosini.

-UVelevele no-Ezile ngenkathi uMakhosini ephatha elamantombazane uVelevele esakhuluma ocingweni.

-UMakhosini noDesmond noMyeza ngenkathi uMakhosini ebathethisa ethi abangabangi umsindo.

-UVelevele noDesmond ngenkathi ebuza imibuzo kunokuba ashayele abathungathi bezimoto

-UNingi noZodwa noVelevele lapho oNingi bezama ukuxolisa uVelevele engayizwa neze leyoemva kwento abamenze yona .

-uNingi noDesmond ngenkathi uDesmond ehehebeza uNingi ezama ukuxolisa kuDesmond eze encoma amadevu akhe.

-UDesmond noVelevele ngenkathi uDesmond efuna ukudubula uVelevele emphoqa ukuba abuyisele imali kwi-akhawunti yakhe.

Kuyiqiniso ngempela ukuthi umlobi usebenzisa udweshu okuyilona lukhuphula indaba ize ifinyelele kuvuthondaba,njengoba sibona udweshu lwangaphandle nolwangaphakathi kubalingiswa ngenhla.

**[25]**

**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE**

**BAHLUKUMEZEKILE BEHLAKANIPHELANA NJE**

9.1 Isizinda esitholakala kulesi siqeshana,inkathi yamanje,njengoba kunomakhalekhukhwini osetshenziswa uQeda.

(2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.2 Ithoni etholakala enkulumeni kaQeda noZodwa ayifani.UQeda inkulumo yakh iveza ithoni yokuzithoba/yokuzehlisa njengoba ebiza uZodwa ngenkosazane kanti ithoni equkethwe inkulumo kaZodwa eyokweyisa/eyolaka njengoba ebiza uQeda ngomfokazi. (4)

9.3 Kulesi siqeshana sithola udweshu lwangaphandle Phakathi kukaZodwa noQeda,bephikisana ngokuthi ukusebenza akusho ukuba nezinkomo.UQeda uthi ikhona,uZodwa uthi akukhona. (3)

9.4 UQeda uyisisebenzi sasengadini kaDesmond kodwa ogcina edlala indima yokulekelela izintombi ayengazi ukuthi zize ngokuzoqola umqashi wakhe uDesmond. (2)

9.5 Into eyenza uVelevele angajabuli uma u-Ezile ethola umsebebzi yingoba uyabona ukuthi kuzohliphizeka amacebo abo benoMakhosini okuyoqola uDesmond. (2)

9.6 Izenzo zikaDesmond no-Ezile mayelana nobuntu ziyefana.UDesmond ungenise uNingi emzini wkahe wamnikeza ikamelo lokulala,wamkhombis anekhishi ukuthi uma edinga amanzi awakhe khona.U-Ezile yena ushela isoka lakhe ukuthi uma eseholile uzofunela uVelevele indawo engcono yokuhlala (4)

9.7 UZodwa uvezwe njengomlingiswa onenkani/onoshiki/odelelayo.Ukhuluma noQeda noma kanjani futhi ufuna kugcine yena. (3)

9.8 U-Ezile uma eseholile wathi uzokwenza lokhu:
-Uzomema uMakhosini noVelevele kumbungazo wokuthola umsebenzi.
-Uzofunela uVelevele umqasho omusha (2)

9.9 Asamukelekile,umuntu ophuma ejele usuke elengiselwe iminyaka,uma esephinda ebuyela ebugebengwini uzogwetshwa kunezezelwe le minyaka mhlambe agcine egwetshwe udilikajele (3)

**[25]**

